

Wagcina esivakashele umhlobo wethu uNkosikazi uBismarck eEdendale ngo1975

sixoxelwa nguBheni wakwaKhumalo[©]

ngomkhosi kaNkosikazi uRuth-Alice von Bismarck
ekuhlanganiseni kwakhe oweminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye (90) yobudala
eHamburg, eJalimane, ngoMqibelo ziyisithupha kuMashi
06.03.2010¹

Akusento engejwayekile eEdendale ngaseMgungundlovu ukuvakashelwa ngabamhlophe abaqhamuka phesheya, selokhu uMfundisi uEnos Sikakane aliphembba leliya shashalazi lomphakathi iEdendale Lay Ecumenical Centre (iSenta) kusukela eminyakeni yo1965 esebeanza usizo olunye lwalo ayelutholé eJalimane. Uchungechunge lwabafisa ukuzozibonela lo muzi alunqamuki; kuyaphunywa kuyangenwa.

Basakhumbuzana nanamuhla lokhu abanigi eEdendale ngenkosikazi yaphesheya eyagcina ifikile izobavakashela ngo1975, kade babelokhu bexoxelwa ngayo nguMfundisi uSkakane nowakwakhe, bencoma ukukhuthalela nokushisekelela kwayo imizamo yabaseEdendale emzabalazweni wokuzakha nokulwela inkululeko.

UNkosikazi uRuth-Alice von Bismarck wavele wazozihlalela nathi eEdendale ekuvakasheni kwakhe - endaweni ngokomthetho wombuso wangalezo zikhathi, umbuso wobandlululo nencindezelo (apartheid), okwakungeyokuthi „abangemhlophe“ abatholé imvume yokuzisebenzela eMgungundlovu bangabe besaxozonyiswa, uma bezifihlela ikhanda lapho („indawo yabantu“). Ukuvakasha „koMhlophe“, ahlale khona, kwakuwukwephula umthetho ngamabomu, sasizazela sonke. Asisoze salikhohlwa lelo viki nakho konke okwasala kwenzeka umhlobo wethu esephindele kubo.

Emthandazweni wasekuseni, lapho bonke ababesebenza eSenta ngalezo zikhathi - sasiche sibe ngamashumi amabili (20) - babehangana okwesikhashana-nje, baluqalisane kanyekanye usuku lomsebenzi: kwakubingelelwana, kufundwe iZwi, kuhlatshelwe, kwenziwe izimezelo zosuku, kukhulekwe bese kuqhutshikelwa emisebenzini ngokwehlukana kwayo. „Uyahlabelela bo lo mfazi - ngesiZulu!“ kubatshwazwa umhlobo wethu. Wayevuka aqonde emkhulekweni naye njengathi sonke, enze konke esikwenzayo, abuze, simchazele, simbambe ngengalo, asilandele siyomkhobisa lokhuya nalokhuya, adle, aphumule, abuse nathi nabanningi abanye ababejwayele ukubandlululwa, babukelwe phansi ngabanye. Kwezolimo engadini nasezihlahleni zezithelo ensimini kanye nasemishinini yokuthunga nasezifundweni

©

© sixoxelwa nguBheni wakwaKhumalo eBaQulusini kwaZulu (Rev Dr Ben Khumalo-Seegelken)
weViyo leziKhuthali oBanjiswaneni lokuHumusha nokuBhala kabusha iBhaybheli ngesiZulu, biblia
zuluensis >> <http://www.benkhumalo-seegelken.de/ibhaybheli.html>

¹ ngosuku umyeni wakhe uKlaus abengabe uhlanganisa ngalo owamashumi ayisishiyagalolunye nasishiyagalombili (98) wobudala.

zokuphatha ikhaya nokunakelela umuzi kanye nasemihlanganweni yosuku, wayengashiywa - liphuma, lize liyoshona.



Ngangijabule nokwedlulele, ngifisa sengathi konke lokhu esikwenza nesibona kwenzeka sivakashelwe nguNkosikazi uBismarck waphesheya lapha eEdendale ngo1975 kunganda nezwe, kulingiswe nangabanye.

Ngezinyawo sasiké siphume ngalezo zinsuku, singene esididini sakwaMachibisa, seqe umgwaqo omkhulu wezimoto, sedlule esibhedlela saseEdendale, laphaya nalaphaya sibingelelane, sixoxisane nesihlangana nabo, sazi ukuthi izimpimpi nezincelebana zamaphoyisa ziyasibuka-nje, zingasimisa, zisihilizise noma zisibophe noma nini.

Enkonzweni yaseWeseli, ngaphesheya komgwaqo, lakuthakasela ibandla ngeSonto ukukhonza nesivakashi esisuka kude; yangihlabu umxhwele indlela uNkosikazi uBismarck ayezikhululekele ngayo, ezizothele, exoxa, kunguye yedwa zwi owebala elehlukile kithi sonke endlini igcwele - ukuzithoba okwakuyinhlonipho kithi sonke.

Kuningi okwakudinga ukuboniswa nakanu kukho. Zazingaqedwa izigungwana ezincane nemihlanganywana yomame neyentsha eSenta ngalezo zinsuku.

Okwasithukuthelisa sathelwa ngamanzi ngalezo zinsuku yinkani yabaphathi bombukiso „uMaBatha“ owawubhalwé nguWelcome Msomi, uboniswa eMgungundlovu; bala baphetha ukuthi isivakashi saphesheya mhlawumbe sivunyelwe-nje okwanamuhla kuphela ukungena nabahlobo baso „abangemhlophe“ embukisweni: „whites only“ basho bephindelela, kwagcina kanjalo.

Isingamashumi amathathu nanhlanu (35) iminyaka esiyledlule². ENingizimu Afrika naseJalimane sezigciné zidilikile izindonga zobandlululo nencindezel, kwavela amathafa namadlelo amasha: UNkosikazi uRuth-Alice von Bismarck konke lokhu ubephakathi njalo-nje emzabalazweni, engaphuthi. Umkhosi wosuku lwakhe lokuzalwa usikhumbuza lezi zikhathi esezipana nomlando: UNkosikazi uBismarck nabaseEdendale bayingxeny yalo mlando, bayingxeny yalo mzabalazo osugciné waveza amathemba amasha.

Siyabonga, Ruth-Alice! Happy birthday und leb wohl!

nguBheni.

² Ubanjiswano ekuxhaseni imizamo emzabalazweni wenkululeko nenkulomo yethu siphendulana emhlanganweni omkhulukazi enkundleni ethi „Ohlupha ecindezela abanye uzibizela uchuku lwabazomelana naye“ („Wer Unrecht sät, erntet Widerstand“), emhlanganweni wamaKholwa eJalimane (Deutschen Evangelischen Kirchentag) owawusemzini waseDüsseldorf ziyi-7 kuJuni ngo1985 ngesinye-nje sezigigaba eziningi esikwazé kuzo ukuqhubeke nomzabalazo wokulwela inkululeko nokukhuthaza esithintene nabo eNingizimu Afrika ukuthi baqhubeke ngokunjalo (Bheka umbiko encwadini: DEUTSCHER EVANGELISCHER KIRCHENTAG DÜSSELDORF 1985. Dokumente. Herausgegeben von Konrad von Bonin, Stuttgart: Kreuz Verlag, ISBN 3 7831 0803 9 ekhasini 551 - 554).

